

PULA IMVULA

GROWING FOOD • PEOPLE • PROSPERITY



INCWADI YEGRain SA YABALIMI ABASAKHULAYO



UMakoko Mokhathatsi, umlimi osesifundeni sase-Tweespruit, usevisa umshini wokuvuna i-combine harvester.

Ngokwehluleka ukwenza amalungiselelo, usuke ulungiselela ukwahluleka

MISHINI EMISHA ITHOLAKALA NGENTENGO EPHEZULU, NGAKHO KE KUBALULEKILE UKUNAKEKELA LOKHO OSUKE ENAKHO. KHUMBULA FUTHI, UKULUNGELA UKWENZA IMISEBENZI EBALULEKILE YOKULIMA NGESIKHATHI KUNGASHO UMEHLUKO KUMATHANI AVUNIWE ESILIMENI SAKHO EKUGCINENI – NGISHO NOMEHLUKO PHAKATHI KWENZUZO NOKULAHLEKELWA NGESIZINI ENESOMISO.

Embikweni womsebenzi wale nyanga, ungafunda ngezingxoxo zabeluleki bokuthuthukiswa kwabalimi kwa-*Grain SA* ababelokhu benazo nabalimi mayelana nohlelo lwezilimo, ukubhajetha kanye nohlelo lwezizimali nemishwalense – futhi empeleni yonke imishini nezidingo zama-implimenti ezihlaziyiwe. Abalimi abambalwa basesimeni

sokuthenga ogandaganda abasha nama-impliment enza kube lula ukwenza umsebenzi ongono epulazini.

UKULUNGISWA KWENHLABATHI

Ngenkathi kusavunwa, abalimi abanengi batholakala sebexilile kusizini entsha abayilindele kuze baqinisekise ukuthi bayaphumelela.

Isibonelo esihle sokubaluleka kwesikhathi esifanele ukuba inhlabathi yezilimo zasehlobo uyilungiselele ebusika. Uma lokhu kungenziwanga masinyane emva kokuvuna, lokho kungakudalela ingcindezi eningi ngesizini yakho yokutshala ngesikhathi namandla adingekayo kagandaganda, ukuqedela amalungiselelo ayisisekelo nenqubo yokutshala.

Ukushisa ukhula ebusika olwaqhubeka nokuhluma ubusika bonke olufana ne-*thistle*/*blou* dissel' ngokusebenzisa amakhemikhali afana ne-*Roundup*, lokho yisinyathelo sokuqala **sokongela** isilimo

Ngokwehluleka ukwenza...

esilandelayo **umswakama**. Ngakho ke kufanele wenze **amalungiselelo enhlabathi ayisisekelo** njengokuripha noma ukulima okujulile isibonelo nge-*vibroflex*. Uma ukhetha ukwenza i-nothili ngakho ke uhlelo lwakho lokufafaza lubaluleke kakhulu kulesi sigaba.

Amalungiselelo enhlabathi alungele ukusiza ngokuzika komswakama ngesikhathi izimvula zokuqala zifika kanye nokulungisa umbhede okahle wembewu. Uma wehlulekile ukwenza lokho ngenxa yokulindela izimali, ngakho ke kufanele ugxile ekulungiseni inhlabathi yakho masinyane.

UKUCHITHA ISIKHATHI KUYISELA LESIKHATHI

Uma umuntu ematasa etshala ngeke kulunge ukuba ame ngoba sekukhona okwephukile. Ngakho ke manje futhi seyisikhathi esifanele sokusevisa bonke ogandaganda bakho nama-*implements*.

Ogandaganda

Qala **ngokusevisa jikelele** okubandakanya ukushintshwa kukawoyela, *i-oil filters*, *i-diesel filters*, kanye ne-*hydraulic* nokushintshwa kuka-woyela wamagiya uma kudingeka. Bheka okulandelayo:

- Onke amaphathi adlekayo afana nama-*fan belts*, ukugiliswa kwe-*steering systems* jikelele nama-*wheel bearing*.
- Ompompi bamanzi kanye nama-*bearing* ompompi bamanzi.
- I-*cooling systems* okuvuzayo kurediyetha nasemapayipini.
- Bheka amathayi akho ukuthi awagugile. Washintshe noma uwakhande njengoba amathayi aphantsile angaphazamisa kakhulu futhi akuchithele isikhathi nesivuno ngenkathi umatasa uzama ukubamba isikhathi esifanele sesilimo sakho.

Ukukhanda kakhulu kungadingeka kogandaganda. Uma ugandaganda usebenzisa uwoyela omningi noma kube nokushunqa kwentuthu eningi lokho kungaba yizinkomba zokuthi kufanele kuhlolwe injini yonke. Lokhu kungabiza kakhulu kunokwenza izevisi ejwayelekile, kodwa kungenzeka uyithole imali njengoba ungasichithanga isikhathi phakathi nesikhathi esimatasa.



Impahla ebaluleke kakhulu yokusebenza epulazini yi-planter yakho. Ngiyo kuphela impahla enomthelela omkhulu esivunweni sakho.



Impahla yokusebenza ebekwe ngobunono esesimeni esihle sokusebenza kuzobasiza abalimi ukuba bawenze kahle umsebenzi wabo wokulima odingekayo ngaso sonke isikhathi.

Izimpahla zokusebenza -*Implements*

UKULUNGISA INHLABATHI: Qinisekisa ukuthi zonke izimpahla zokwenza ithileji ezifana namaripha ne-*vibroflex* – futhi uma usebenzisa igeja nediski – zisevisiwe futhi zilungele.

- Kufanele kufakwe ama-*tines* amasha.
- Hlola amathayi nama-*bearing* amasondo ku-*trail models*.
- Gcoba ugilisi kuwona wonke amaphathi afanele isibonelo kwi-*disc harrow* yakho.

AMAPLANTA: Uma ungaqala kahle ngenxa ye-*planter bins* engasebenzi kahle, usuke usuhlulekile ukuthola isivuno esiphezulu. Ngokufanele kufanele: Ideally you should:

- Qaqa yonke iyunithi ngayinye, ushintshe ama-*coater bearings*, ama-*press wheel bearing* kanye ne-*depth control wheel bearings*.
- Bheka onke amaketango ubheke ama-*cogs* anamazingo adlekile noma agobekile njengoba lokhu kudala ukuba amaketango ashibilike futhi aphazamise ukuqonda ngqo kwe-*seed placement*.
- Uma une-*pneumatic/i-air planter* qinisekisa ukuthi amapayipi awavuzi futhi akanazo izimfa ezingaphazamisa ukumunca kuma-*bins*.
- Bheka ama-*augers* ne-*auger bearings* ama-*bins* kamanyolo njengoba lokhu kuyingxenywe ebalulekile ye-*planter*. Bheka ama-*bins* uqobo lwawo akulula ukuba agqwale nokuthi avuze bese uyawaphesha noma uwashisele lapho ebuthaka khona. Uma kusetshenziswe omaka, khumbula ukuthi lokhu kukhathaza kakhulu futhi ngesinye isikhathi kuba nezimfa noma kugobe. Qinisekisa ukuthi lokhu kulungisiwe kwaqonda ngqo futhi kunamandla ngokwanele kuyibambile indawo ngendlela eqondil nasekuthatheni ulayini obanzi onqamula amasimu. Indawo ekabi 'exhumanisa' olayini uyakhathaza kakhulu uma ulima futhi ingasho nokuthi abanye olayini bazolinyelwa bakhishwe – okunye okungadala ukulahlekelwa okungagwemeka ngokwenza amalungiselelo afanele.

ISIFAFAZI: Ukulawula ukhula ngokufanele nokufafaza ngesikhathi esifanele okulandelwa ukutshala masinyane yigxathu elikhulu lisendleleni eqonde ekutholeni isivuno esikhulu, njenoba impumelelo yokwenza umbhede wembewu ongenalo ukhula kusho ukuthi izithombo zakho zizoba sethubeni elihle kakhulu lokuba zingancitisanani ngomswakama wenhlabathi, amanyuthriyenti nokukhanya. Yenza lokhu okulandelayo:

- Hlola ukuthi amathange okufafaza ahlanzeke ngokufanele, ahlanjululwa futhi ahlanzeka ukuqinisekisa ukuthi azikho izinsalela zamakhemikhali ezisele.
- Susa onke amanozolo nawo uwahlanze ngokwehlukile ngesikhathi amapayipi ehlanjululwa njengoba izinsalela zikuvimba lokhu. Sebenzisa amanzi anensipho enamandla ukuze uhlanze zonke izinsalela futhi zivuleke.
- Qinisekisa ukuthi zonke izinsalela zihlanzeke ngokufanele.
- Hlola izimfa noma okwephukile ohlakeni lokufafaza. Khumbula ukuthi ama-*boom* nokujwayelekile axhuma insumu yonke bese eba nobuthakathaka. Lokhu kukhande masinyane.

Uphinde uqinisekise ukuthi ububanzi besifafazi buyahambelana ne-*planter* yakho ukuzi kungabi kukhulu kakhulu (noma kube kuncane kakhulu) kugamanxe ngale uma usebenza. Lokhu kumosha amakhemikhali futhi kungashiya ama-*zone* ensimini engafafaziwe. Ukuze uqondanise ububanzi besifafazi nobubanzi be-*planter* ungadinga ukuvimba amanye ama-*nozzles*. ■



**U-JENNY MATHEWS,
UNGOTI WEZOKUPHATHA
NENTUTHUKO NOKUFUNDISA**



IZWI LIKA... Luke Collier

U NYAKA ODLULE UBE NEZIVUNGUUVUNGU KWA-BANINGI EBHIZINISINI NASEMPILWENI YOMNDENI. KUBE NOKULAHLEKELWA YIMPILO NEZILIMO EMIPHAKATHINI EMININGI ELIMAYO EZWENI LONKE. KULOBU BUNZIMA KUFIKE NAMASIZINI AQANDA KAKHULU, NEMVULA ENINGI ENGAKAZO IBONWE EMINYAKENI EMININGI.

Ngale sikhathi sonyaka abalimi abawheba ngokulima phecelezi *commercial* nabalima kancane phecelezi *small-scale* sebeqedile ukuvuna futhi mhlawumbe sebezobala inzuzo yabo noma okulahlekelwa ngenxa yesizini 'yemvula' esibe nayo. Abaningi bathole imvula enkulu engabanga nomonakalo otheni. Ngakolunye uhlangothi nokho abaningi balahlekelwe cishe uhhafu wesilimo sabo ngenxa yezifo zezikhwebu i-*(Diplodia ne-Fusarium)* noma ukuncipha kwesivuno ngenxa yezifo zamahlamvu (i-*grey leaf spot* noma isiwumba phecelezi *rust*).

Kodwa, njengabalimi ngokuvamile siwuhlobo olubekezelayo futhi ngalokho ke siyaqhubeka kungakhathalekile ukuthi isizini iyinhle noma ingagculisi. Njengamanje kufanele ukuba sekuphuthuliwe ukuhlelela isizini elandelayo, ama-*input* asetshalele nokulungiswa kwenhlabathi sekuphuthuliwe – uma kungenjalo kufanele ngabe sesisondela ngasemaphethelweni. Kufanele kukhunjulwe ukuthi imikhiziqo yokulungisa ithatha isikhathi ukufinyelela esitshalweni na/noma ukulungisa inhlabathi, ngakho ke kungcono ukuwufaka masinyane.

Okokugcina, izimpahla zethu zokusebenza kufanele ukuba 'zithe-mbeke' zilungele isizini ezayo. Into yokugcina okufanele ngabe yenziwa abalimi bonke, ukuqala ukukhanda nokugcoba izimpahla zokusebenza ngogilisi kusasele usuku olulodwa noma ezimbili ngaphambi kokutshala. Kungaso lesi khathi lapho kulindeleke khona ukuba kuqale ukuna kwezimvula zokuqala futhi lokhu kufanele kuchaze ukuthi ukuqala kokuthilwa kwenhlabathi. Abalimi kudingeka ukuba babe sesimeni sokuthatha izimpahla zabo zokusebenza baqonde ngqo emasimini futhi bayoqala ukusebenza ngaphandle kwezinkinga. Lokhu kungaphumelela kuphela uma lokho kunakekela okwenziwa ngaphambi kwesizini kwenziwe ngendlela efanele. Lokhu kuphinda kusetshenziswe kwibhalansi yempahla yokusebenza ngesizini yokutshala.

Masinyane uma izimvula zifika ngo-Okthoba (siyethemba) frawe uzothanda ukutshala, kufanele ukwazi ukutshala. Ukufaka phansi isilimo sakho masinyane (kuleso sikhathana esincane), uba sethubeni elingcono lokuthola isivuno esihle.

Asihlale ngokukhuthazana kulezi zikhathi ezinzima. ■

UHLA LOKUHLOLA ozoluse-benzisayo ngemuva kokuvuna

UKUNAKEKELA NOKULUNGISA IMPAHLA YOKUSEBENZA EPULAZINI LAKHO KUBALULEKILE UKUZE IMISHINI YAKHO ISEBENZE ISIKHATHI ESIDE. NGO-KUNAKEKELA OKUFANELE NOKUKHANDA, UNCIPHISA UBUNGOZI BOKUKHANDA OKUNGALINDELEKILE OKUZOKUCHITHELA ISIKHATHI NEMALI.

Nalu uhla olusetshenziswayo ukunakekelwa kwekhombayini emva kokuvuna:

1 Bheka i-operator's manual yokunakekelwa emva kokuvuna futhi ubheke amaphoyinti.

2 Bheka masinyane imishini futhi ubhala uhla lwalokho ozokwenza.

3 Phephetha ukungcola nezinsalela ngaphandle nangaphakathi. Izinsalela zokuvuna zingafeha amagundane angandla izintambo nezinye izinsimbi zikagesi.

Izivuni ozifakele wena uphephela:

- Qinisekisa ukuthi uyawaphephetha ama-rediyetha.
- Hlanzisisa ingaphakathi le-cab, ukulunguza ngaphandle komnyango isimo sezulu, izihlalo nezinye izingxenye ze-in cab. Khumbula ukubeka okuthile ukuxosha amagundane kwi-cab.
- Bheka isisitimu yokupholisa evikela izinga leklayimethi yakho.
- Gcwalisa ngophethiloli.

5 Washa ngaphandle kuphela futhi uzame ukugwema ukufaka amanzi kuma-bearings nakwamanye amaphathi anyakazayo.

6 Penda noma uvikele okuphalekile nezingxenye ezidlekile noma okugqwalile.

7 Vula amapuleti okuhlola bese ubheke amakhomponenti.

8 Vula ama-concave nezisefo futhi ubheke zonke izinkinga.

9 Bheka onke ama-bearings noma yikuphi ukushisa, isipanela ku-shaft, noma zingaqinanga. Shintsha onke ama-bearings angalungile.

10 Shintsha u-o-yili nama-filters ngesikhathi ugcoba onke ama-fittings ngogilisi.

11 Qinisekisa ukuthi konke amalambu asebenza ngokufanele.

Hlola onke ama-augers nama-conveyors ukuthi awadlekile nokuthi awamoshicile yini. Shintsha amakhomponenti adingekayo masinyane.

- Bheka ama-walkers nama-bearings ukuthi awalimele, izimfa noma ukudleka.
- Bheka ama-rotors ngenkathi futhi uhlaziya i-alignment nama-bearings.
- Qinisekisa ukuthi i-straw chopper sibhalanse ngokufanele ngaphandle asinakho ukuqhaqha zela ngokweqile.

13 Bheka futhi uwaqinise onke amabhande ngenkathi uhlola zonke izimfa.

14 Bheka amaketango e-feeder house nama-elevator chains ukuthi aqine ngokufanele futhi engadlekile.

15 Bheka i-feeder house panelling (ikakhulukazi phansi) ukuthi ayidlekile ngokweqile.

16 Bheka i-fountain nokwehlisa ama-augers ukuthi awalimele kanye nokudleka okungaba khona.

17 Gcoba ngogilisi onke ama-fittings ugcobe namaketango namanye amaphoyinti abaluliwe ku-operator's manual.

18 Wakhiphe futhi uwabeke onke ama-drain plugs ukuze amanzi engaqwabelani ezindaweni ezifana namathangi okusahlamvu. ■



Gcoba ugilisi onke amaphoyinti ukhiphe umswakama.



Amabhande kufanele aqiniswe njengokwe-operator's manual.



Qinisekisa ukuthi onke amaketango agcotshiwe ukuze uvikele ukugqwala.



Susa imigudu yamanzi ama-drain uphinde ubeke ama-plaki emigudu ukuvikela ukunqwabelana kwamanzi.



Uma isivuno sakho sigcinwe ezinqolobaneni ezikhwameni zoplastiki noma semboziwe ukuvikela impahla ezitingini zezinyoni.



U-PIETMAN BOTHA, UMELULEKI OZIMELE KWEZOLIMO

Amasu okuvikela ukulahlekelwa uma kunokwehla nokwenyuka kwamanani usebenzisa ukukhetha

AMASU OKUMAKETHA YINQUBO EGUQUQUQUKA NJALO. UNYAKA NGAMUNYE UZODUNGA AMATHULUSI AHLUKENE NOBUCHWEPHESHE BOKUVIKELA NEMIHLOMULO YOKUGUQUQUKA KWAMANANI. LE ATHIKHILI INIKEZA ISEKELO SOKUTHI UKUKHETHA KUSEBENZA KANJANI EKUVIKELANI OKUSANHLAMVU NE-OILSEEDS EMANANINI ASHINTSHASHINTSHAYO.

Ukukhetha phecelezi **option** yisivumelwano lapho umuntu enelungelo, kodwa engakaphoqeleki, ukuthenga noma ukudayisa ikhomodithi ngentengo enqunywe phambilini, ngaphambi kokuba kuphele isikhathi sesivumelwano. Le sivumelwano noma okukhetha kunikeza umthengi ilungelo, kodwa akuyona impoqo ukuba usenze lesi sivumelwano, ngaleso sikhathi umdayisi okhethile uphoqelekile ukuthi asihloniphe isivumelwano uma umnikazi wesivumelwano efuna ukusisebenzisa. Ama-options anga thengwa kwi-bhrokha kwa-Safex. Kunezinhlobo ezimbili zama-options, i-put ne-call options.

Njengoba umuntu elindele i-futures contract ukuba ikhule, bengathe ngi i-call option enikeza umnikazi we-option ukuba athenge i-futures contract ngentengo ethile enqunyiwe ngesikhathi esithile esibekiwe. Le ntengo enqunyiwe ibizwa ngokuthi yi-'strike price'. Uma i-futures contract price yenyuka idlula i-strike price, umnikazi wayo uzoyenza inzuzo.

I-put option iyaphikisa. Umuntu olindele ukuba i-future contract lehle inani layo lamanje esikhathini esithile esinqunyiwe engathenga i-put option. Le -put option yenza ukuba umnikazi adayise i-futures contract nge-'strike price' enqunyiwe. Uma i-futures contract price yehla iba ngaphansi kwe-strike price, umnikazi uzoyenza inzuzo. Lelisu lingasetshenziswa ngaphambi noma emva kokuvuna ukuze uvikele i-value yokusanhlamvu okukhulayo ensimini noma i-value yokusanhlamvu okugciniwe enqolobaneni.

1 Ukuphelelwa yisikhathi sokukhetha.

I-Put option	I-Call option
Emalini uma i-strike iyinkulu kune-future price.	Emalini uma i-strike ingaphansi kwe-future price.
Emalini uma i-strike ilingana ne-future price.	Ngokwemali uma i-strike ilingana ne-futures price.
Emalini uma i-strike inani lingaphansi kwe-futures price.	Ngemali uma i-strike inani lентe-ngo lilikhulu kune-futures price.

2 Amathuba e- options.

I-Put option	I-Call option
Shiya ubungozi bamanani.	Sebenzisa ithuba lokwenyuka kwamanani entengo.
Ivumela abakhiqizi ukuba basebenzise ithuba lokwenyuka kwamanani.	Yeka izindleko zokugcina neze-nzalo.
Yeka izidingo ze-margin.	Shiya izidingo ze-margin.
Yelula unyaka wokumaketha.	Ohubekisa unyaka wokumaketha.
Ukuba nento engadayiseka kalula ikufakele imali.	Ukuba nento engadayiseka kalula ikufakele imali.
	Nciphisa ukulahlekelwa okukhulu

Kulula ukuthenga nokudayisa bama-options uma amazinga ephezulu enzalo evulekile nomthamo. Inani lama-options lincike kwi-intrinsic value, ukuguquguquka okukhona kanye nesikhathi esingaphambi kokuphelelwa yisikhathi kwesivumelwano.

- **Izinyathelo ze-Implied volatility** kungenzeka uku-ku i-contract price izoshintsha.
- **I-Intrinsic value** umehluko phakathi kwama-asethi angaphansi (WMZ Dec'21) kanye ne-strike price ye-options contract.
- **Isikhathi** sinomthelela kumanani entengo nesikhathi-'out of the money' ama-options aphansi kakhulu uma esesondele ukuphelelwa yisikhathi ngenxa yokungathandeki kwama-asethi angaphansi afinyelela kwi-strike price.

Amaqha okumaketha aya ngephango lomuntu lobungozi. Okunye okubi kungaba ukuthi ama-options aqukethe izingozi eziyisisekelo noma mhlawumbe ukuqukatha izindleko ezinga phezulu futhi idinge nedatha eningi eya kuma-options amaningi kwi-future contract ngayinye. Iqhinga lokumaketha ngalinye lidimanda ulwazi lwemakethe engaphansi ne-options contract ukuba avikele kangcono izimo ezingaziwa. ■

3 Isibonelo se-call option.

KWI-MONEY CALL OPTION KADISEMBA 2021 YOKUDILIVA		
	WM	YM
Disemba 2021-futures price	U-R3 171,00	U-R3 302,00
I-Call strike price	U-R3 180,00	U-R3 300,00
*I-Call premium	U-R207,75	U-R219,51
i-Breakeven Safex price	U-R3 387,75	U-R3 519,51

Idatha yangoJuni 2021.

*Amaphrimyamu e-Options iqukethe ingxenye yangempela ne-time value.

Umthombo: BVG, Grain SA

4 Izibonelo ze-put option.

EMALINI I- PUT OPTION KAJULAYI 2021 DILIVALI 2021		
	WM	YM
UJulayi 2021 futures price	U-R3 271,00	U-R3 410,00
I-Put strike price	U-R3 280,00	U-R3 420,00
I-Put premium	U-R129,90	U-R113,11
i-Breakeven Safex price	U-R3 150,10	U-R3 306,89

Idatha ngo-Ephreli 2021.

Umthombo: I-BVG, Grain SA

**U- IKAGENG MALULEKE,
USOMNOTHO WEZOLIMO
KWA-GRAIN SA**



Ukwenza uhlelo

LWEBHAJETHI KUBALULEKILE

MIPHUMELA YESILIMO SOMMBILA WASEHLOBO OWA-TSHALWA NGO-2020 FUTHI WAVUNWA NGOJUNI KUYA KUJULAYI 2021 MANJE ISINGAHLOLWA. ISIVUNO SANGEMPELA ESITHOLAKELE NEZINDLEKO ONGENE KUZO KUZOKUBONISA UKUTHI NGABE IKHONA IMPUMELELO OYIZUZILE EMSEBENZINI WESIZINI EDLULE I-OPERATIONAL PLANNING NOKUFAKWA KWAMA-INPUT AHLELIWE.

Abakhiqizi badayise umbila wabo ngenani elilinganiselwa ku-R3 200 ithani ngalinye inethi kudayiswa ngamaphakethe abanengi abathole isivuno esiphezulu kwe-avareji. Le yisizini engajwayelekile ngenxa yokuthi isivuno esiphezulu ezweni besihambisana nentengo ephezulu.

Izifundo zokwenza ngcono kokwenza amalungiselelo afanele okungisa inhlabathi, ukutshala, ukukhula nokuvuna isilimo sizohlela ekuhlizenzeni kangcono kubhajethi yakho yesilimo esikhona. Lezi zibalo kufanele ziphethwe, ngasekupheleni kukaSeptemba, ukuze ama-input adingekayo ommbila nezinye izilimo izingama-cash crops okufanele zitshalwe zinga-odwa kanye noxhaso lwezilimo zonke ezikhona.

IZINDLEKO EZIQONDILE – AMAPHUZU ABALULEKILE OKUFANELE KUGXILWE KUWO

Kuya ngokwemvelo yezezimali esetshenziswe ezindlekweni okubandakanya, imbewu umanyolo nalokho okufakwe ekutshaleni nezibulali zinambuzane ezifafazwa emaceleni nama-herbicides angaphansi kwamakhemikhali, udizili, nomshwalense wezilimo, abasebenzi betoho ukuvuna, ukumaketha nezithuthi.

Okushiyeziwe yizindleko zokwelulekwa, amaholo abasenzi abasebenza ngokugcwele, ukukhanda nokunakela inzalo ngesamba esiqondile sezindleko zama-input. Lapha kungonga imali ngezindleko ezinqunywe noma i-overheads.

Isamba semali engenayo okunezindleko ezingaphansi eziqonde ngqo kukunikeza inani lemihlomulo ezimalini noma 'i-gross margin' okutholakala ekutshaleni izilimo zakho noma yiziphi. Umhlomulo omuhle otholakele izokhokhela izindleko ezinqunywe, ukukhanda nokunakela okufaka phakathi izisebenzi eziqashwe ngokugcwele, ukukhanda nokunakela inzalo,

imali yebhizinisi ngokwemali mboleko yesikhathi eside, nezinye izikweleti ezingalindelekile futhi ikakhulukazi ebuyiselwa ukusebenza nemali esetshenzisiwe ibuyele emuva kumqashi. Noma imalini esele nengaphezulu kwezindleko eziqonde ngqo nezinqunywe, okubalwa kubo okudwetshwe umlimi nomndeni, kuzomela inzuzo yangempela noma inethi yamabhizinisi.

Inhloso yokukhanda mhlambe, inethi noma inzuzo ephunyukayo kufanele kubalwe futhi kumonithwe ngokusebenzisa uhlelo olufanele lokubalwa kwezimali. Ibhajethi yemisebenzi yonke esebhizinisini kufanele kubekwe ku-spreadsheets lokuhlela bese kuba nezindleko nazo zibhaliwe. Konke lokhu kuyadingeka uma ufuna ukukhokhelwa i-VAT noma ukubhadala, kanye nokukhokhwa kwentela okudingekayo. Kuphakanyiswa ukuthi uqashe umuntu owaziyo ngezimali noma inkampani ukuze ingcine lo lwazi lusesimeni esihle uma ungakwazi ukuzenzela kona wena.

UHLA LWEZILINGANISO ZEZINDLEKO

Kwenziwa isiphakamiso sokuthi kwenziwe amakhothi afanele athathwe kumasaplaya athembekile nazizile ezindleko ngazindleko ze-input ngayinye. Uma ama-saplaya amaningi ngamanye kubhekwa ingxoxo ebandakanyekayo yomehluko isiphakamiso esiphathekayo enziwe kuzokhomba ukuvumelana jikelele kuma-input adingekayo emandleni enhlabathi nezivuno ezithagethiwe. Ibhajethi yesilimo sasemhlabeni owomile ongu-4,5 amathani ihektha ngalinye okuzoba ngaphansi kakhulu kunaleyo ka-8 wamathani ihektha ngalinye. Sebenzisa isamba sakho esiqonde ngqo kusebenza kokubili intengo ihektha ngalinye nethani ngalinye lesilinganiso sesivuno.

ISIPHETHO

Bala ngokukhulu ukucophelela, ibhajethi yezindleko zama-input umlando womkhinqizo wakho ngqo kanye namandla okugcina ukonga amandla esivuno esikhathi eside enqondweni. ■



U-RICHARD MCPHERSON,
UMLULEKI KWEZIBHIZINISI LEZOLIMO
NOKUPHATHWA KWEPROJEKTHI



Let's Talk ...



@Bayer4Crops
@DEKALBSA

Bayer (Pty) Ltd. Reg. No. 1968/011192/07

27 Wrench Road, Isando, 1601.

PO Box 143, Isando, 1600. Tel: +27 11 921 5002

The registration owner of DEKALB® is Bayer AG, Germany.

www.cropscience.bayer.co.za // www.bayer.co.za

A28967

Every kernel counts!

One seed ... One hole ...

Each one of our DEKALB® maize seeds is backed by cutting-edge technology and years of research and development to ensure that you get the most out of every kernel.

Iphrogramu egugqula izimpilo



Ukunikeza umhlahlandlela ngokuvakashela amapulazi

UKUVAKASHELA amapulazi ngoJuni 2021 kwakuphelele futhi kuseqiniseni. Ngakolunye uhlangothi abalimi abaningi babematasa ngokubuyisa izilimo zabo ngaso lesa sikhathi babenza izinhlelo zesizini entsha. Abeluleki babhlangana nabalimi abangama-58 asebethuthukile ngoJuni bezobanika umhlahlandlela ngezindlela ezahlukene endleleni yabo yenqubekela phambili yokulima kwabo okungenisa inzuzo.

- **Ukuvuna:** Ithimba lasenza isilinganiso yesivuno, lawahlola namazinga omswakama okusahlamvu nokuqapha kokuphathwa kwesilimo ngobuningi.
- **Ukugcina:** Kwabanjwa izingxoxo zokugcinwa kwesivuno sokusanhlamvu.
- **Ukuhlela:** Kwakhulunywa ngokunakekelwa kwepulazi jikelele okufana nokubiya, ukusaplaywa kwamanzi nangezindawo okubekwa kuzonoma izinqolobane.
- **Impilo yenhlabathi:** Kwagxilwa kakhulu esimeni senhlabathi, ekwenzeni amasampuli enhlabathi nasekufakeni umcako emasimini.
- **Ukuhlelwa kwebhizinisi:** Abeluleki baxoxa ngezidingo zoxhaso lwezimali, amabhajethi nemishwalense ngokunjalo nenqubo yokuphathwa kwama hhovisi okubalwa kukho ukulima nokuqondisisa iqhaza lika-SARS ne-VAT, intela nokubuyiselwa imali kadizili.
- **Imishini:** Leli thimba lagxila esimeni sempahla yokusebenza epulazini nemishini. Baxoxa ngokukhanda okwakufanele kwenziwe noma abeluleka abalimi ukuba bakushi-ntshe ukube zazikhona izimali.



Epulazini likaMahlaba Abel, umlimi osezuze kwase-Reitz, kuqoqwa izikhwebu ukuba ziyohlolwa umswakama eziwuquketha kwi-silo eseduzane.



Ngesikhathi sokuvakashela i-Nzimande Farming Projects esifundeni saseMsidamu phecelezi-Amsterdam kwahlolwa inqubekelaphambili yesivuno.



Umeluleki Jacques Roux wenza uhlolo lwesilimo ngaphambi kokuba isilimo sivunwe. Ubhekilanga nommbila kwahlolwa epulazini likaHlalele Joseph Khahleli.

Ukucobelelana KUMA-STUDY GROUPS

ITHIMBA lezokuthuthukiswa kwabalimi i-Grain SA lakujabulela kakhulu ukuxhumana ne-study group yethu njengoba le yindlela yokwazi kwethu abalimi nokubona izidingo zabalimi ezifundeni ezahlukene. Sincike kakhulu kosihlalo be-study group ngasinye nokufuna ukubavuma futhi sibabonge nango-kuzinikela kwabo nangosizo lwabo kule pulatifomu. Kusihlalo wethu sithi: 'Ngamunye nifaka isandla kubalimi benu emphakathini futhi siyabonga kakhulu!'

Nayi eminye imisebenzi yama-study group eyenzeke ngoJuni.



Umeluleki u-Elias Dladla wavakashela abalimi base-Schuelzental study group esifundeni saseNelspruit ukubona isivuno sabo.



Ukubonisa ekuphathweni, ukunakekelwa kanye nokukhalibretha i-knapsack sprayers kwenzelwa e-Zaaiplaas study group endlini ka-Dora Phoku.



Abalimi base-Arthurstone study group esifundazweni sase-Bushbuckridge baxoxa ngamakhemikhali nemishini esetshenziswa ukulawula ukhula.

GRAIN SA: PRETORIA

PO Box 74087
Lynnwood Ridge
0040
■ 08600 47246
■ www.grainsa.co.za

UMHLELI OPHEPHE

USandile Ngcamphalala
■ 082 862 1991 ■ Ikhovisi: 012 943 8296
■ sandile@grainsa.co.za

UMHLELI UKWABA

Liana Stroebel
■ 084 264 1422 ■ Ikhovisi: 012 943 8285
■ liana@grainsa.co.za

UPHATHINA WOKUSHICILELA INFOWORKS MEDIA PUBLISHING

Isekela mhleli – U Louise Kunz
■ louise@infoworks.biz

Umholi wethimba – U Johan Smit
■ 082 553 7806 ■ Ikhovisi: 018 468 2716
■ johan@infoworks.biz

Ukushicilela – U Elizma Myburgh, Joritha Hechter



Uhlelo lweGrain SA LokuThuthukisa amaFama

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za

Jerry Mthomboti
Mpumalanga (Nelspruit)
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili

Jurie Mentz
Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8218

Graeme Engelbrecht
KwaZulu-Natal (Dundee)
■ 082 650 9315 ■ graeme@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

Luke Collier
Eastern Cape (Kokstad)
■ 083 730 9408 ■ luke@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8280 ■ Luthando Diko

Liana Stroebel
Western Cape (Paarl)
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen
North West (Lichtenburg)
■ 082 877 6749 ■ dutoit@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatlanyane

Cwayita Mpotyi
Mthatha
■ 078 187 2752 ■ umthata@grainsa.co.za
■ Office: 012 943 8277

**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**
IsiZulu, IsiNgesi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

NOMA YILIPHI IBHIZINISI LI-YABHEKANA NOBUNGOZI. UBUNGOZI KUBA YISIMO ESINGENZEKA ESINGABONWANGA KUQALA, ESINGAHLELWE, OKUNGESONA ESEMEVELO, ESINGAJWAYELEKILE, ISEHLO ESINGALINDELEKILE FUTHI ESINGADALA UMONAKALO EMVELWENI. NAKUBA UBUNGOZI BUNGEKE BUVIMBEKE, KUFANELE KUGXILWE EZINTWENI EZINGENZIWA UKUNCIPHISA UMTHELELA OMUBI KULOKHO.

Ukulima yibhizinisi elinobungozi obukhulu. Ngesikhathi senqubo yokukhiqiza kuningi okungenzeka okufana nesimo sezulu esingesihle (isomiso, izikhukhula, isichotho, nesithwathwa esiningi) nezehlakalo zezinhlekelele ezifana nomlilo wamaqele nokubheduka kwezifo zezitshalo nezemfuyo. Ngesikhathi senqubo yokumaketha kukhona okungenzeka okungaphazamisa inqubo yokumaketha ne/noma kuphazamise amanani kabi.

Unglangabezana nokuziphatha kabi kwabasebenzi bakho okungalindelekile. Ukuziphatha ngokungenangqondo mhlawumbe komlimi noma abasebenzi bakhe kungaholela ezenzweni eziphazamisayo, okungaholela ekuphazamisekeni kokukhiqiza na/noma ekumakethweni kwemikhqizo. Ubungozi bezezimali kungaba ukunciphisa kwemali engenayo na/noma izinkinga ekunakekeleni i-cash-flow ekahle, lokho kuphazamisa impumelelo ezimalini zebhizinisi. Ubungozi bokukhiqiza, ukumaketha nokwezimali kuhlobene kakhulu.

UBUNGOZI KWEZOLIMO BUYAKHULA

Izimo zesimo sezulu ezingalungile yinto eyaziwayo kithi eNingizimu Afrika, kodwa sesibone umtelela omubi kakhulu eminyakeni eminingi edlule isimo samazinga okushisa apezulu, izikhukhula ezinkulu nesomiso esikhulu kakhulu. Ngisho inhlabathi njengomgudu wokukhiqiza eNingizimu Afrika uyifektha yobungozi. Ucwangingo lukhombisa ukuthi inhlabathi engu-60% eNingizimu Afrika isigugile, ngenxa yezindlela ezingalungile zokulima, emhlabeni wokulima nowamadlelo.

Ukwebiwa kwama-input, imikhqizo nemishini nempahla yokusebenza kuyakhula futhi sekube ubungozi obukhulu. Ungawulibali ucimicimicini phecelezi *load-shedding* esisazohlala nayo isikhathi eside.

Ubungozi bokumaketha nabo bungamandla. Izingqalasizinda ezifana nemigwaqo, imizila yezi-timela ngisho namachweba nawo ase-yabhidlika. Izithuthi ezifana namatraki ziyingozi ngenxa yodunwa. Ngisho ubungozi besimo esingazinzile zabasebenzi sebandile. Imithetho eqinile yezabasebenzi yandisa amathuba eziteleka ngenxa yobunzima bokulandela yonke imithetho. Ingxabano ephathelene namaholo iyakhula.

Uhulumeni wethu akanalo uzwelo kwezolimo ngokuthi aziseke kancane uma kuba khona izimo zenzhlekile. Amapholisi aguquka njalo kanye nokusetshenziswa kwamapholisi noma yimaphi kudala ungabazane nobungozi obengeziwe.

INDELELA YOKUNCIPHISA IMITHELELA EMIBI EVIMBAYO

- 1 Imizamo yokusungula isikhwama sezimo eziputhumayo zezindleko ezingeziwe ezidalwa ubungozi. Noma uhlehlise isikweletu phecelezi wenze i-credit reverse nebhangela lakho ukuze ukhokhele izindleko ezengezeke ngokuzuma.
- 2 Abalimi bemfuyo kufanele babe nezingqolobane zokudla kwemfuyo, isileji na/noma ihhoyi.
- 3 Kungumqondo ophusile uku-investa ebhizinisi lesibili okufanele lingabi uhlobo lwezolimo.
- 4 Ukubona ukweba njengobungozi, yenza uhla lwama-asethi akho onke – ngisho nesipanela esingunombolo 13. Kungcono futhi ukuba uwathwebule isithombe onke ama-asethi futhi uwabeke uphawu na/noma uwabhale izinombolo onke amasethi. Khumbula ukuthi umthetho uyakuphoqa ukuba uyifake uphawu na/noma ithathu imfuyo. Thatha isitoko sawo onke ama-asethi akho njalo. Kungcono ukuba imfuyo uyibale zonke izinsuku.
- 5 Sebenzisa izindlela zokukhiqiza ezifanele futhi usebenzise nama-cultivar abekezelela ukushisa, izinambuzane noma izifo njengoba akhona. Sebenzisa izindlela zokukhiqiza ezivusezelayo ukuze wenze ngcono impilo yomhlabathi wakho.
- 6 Khanda izindlela ezifanele zokuhambisa amazi kanye nolayini/imibundu ukuze unciphise umonakalo ongadalwa yizikhukhula futhi uqaphele izindonga.
- 7 Yenza yonke into ngesikhathi nangendlela efanele. Sebenzisa indlela yokulima ngendlela efanelekile okusho ukuthi wenza yonke into ngendlela efanele usebenzise lokho okukhona.
- 8 Hlukanisa ukulima kwakho uma kungenzeka.
- 9 Cabanga ngokumaketha kwakho futhi usebenzise umgudu ongaphezulu kowodwa uma kungenzeka.
- 10 Lawula izindaba zakho zokuqasha ngendlela eqinile ngolandela imithetho yezabasebenzi futhi ungakudembeseli ukuqondisa izigwegwe.
- 11 Nakuba kubiza cabanga ngomshwalense wezilimo zakho nama-asethi akho. ■



**U-MARIUS GREYLING,
UMELULEKI OZIMELE WEZO-
KUPHATHA KWEZOLIMO**